KwaBhanya ngo1963: Bephucwa, badilizelwa baxoshwa

ingxoxo ngoSizwe Victor Khumalo (1954-1994)
siyibikelwa nguDennis Saathoff

Wayeneminyaka eyisishiyagalombili (8) yobudala uSizwe emavikini okuqala onyaka wesikole omusha mhla selugcina lufikile usuku lomhla ka-13 Febhwari 1963 olwalulokhu lwalubikezelwa ngabombuso wabamhlophe wocindezelo lweApartheid; bafika-ke sebezowudiliza umuzi wakwaBhanya lapho uSizwe azalelwa khona. Abombuso wocindezelo lweApartheid base badala icebo ababelibiza ngokuthi `ngumaziphathe wasezabelweni - kwelabantu´ elalenzelwe ukuluqinisa uhlupho lwabomdabo, bephucwe abanakho, badilizelwe amakhaya, bayolahlwa emaqwaqwasini, bephucwe namalungelo obuzwe ezweni lokhokho babo. Akakhohlwa uSizwe nanamuhla lokhu:

'Ngayizolo nangakuthangi base bake bafika, badiliza izindlu, bathatha abanye bayobalahla kude `ezabelweni´. Liphuma-nje ilanga base bekhona futhi labo belungu abafana namasotsha, befiké ngamaloli amakhulu amaBedford amhlophe nosondonzima bogandaganda abakhulu bokudiliza abanyathela ngamaketango okuthiwa ngamaKhathaphila, bamemezela bathi bonke abasasele, abaqoqe basheshe, bangene indlela. Okuyizinganyana nonina nezalukazi ezazisekhona bazikhakhameza, bethi azibophe imithwalo ziqoqe okungokwazo, nanka amaloli ezilindele. Kwasuka isidumo: Dlengelele. Sayeka phansi nathi ukudlala sethukile, abanye bekhala, omama bemi phambi kwamaloli, bezama ukukhuluma namaBhunu, bencenga beshweleza, izinja sezikhwince imisila zingasabonwa nezinkuku namatshwele ebaleni kuyaluza kuthithiza; bexwayile bonke-nje nangaphesheya kodonga, kumenyezwana, kudemelayiswa (kwethukwa inhlamba) nogandaganda babuye badume kakhulu kube sengathi kuzamazama umhlaba; amalangabi, nentuthu, nothuli kwahlangana phezulu - isihogo!

'Amasotsha esihwaqela esinyonkoloza esikhahlameza namaKhathaphila namaloli - wawuzibonela-nje ukuthi bazimisele ngalokhu abakusophile. Nebala kwasala kubikwa ngabalinyaziwe nòma-ke kungabangabikho zidumo ezitheni ngalolo suku.'

USizwe nabakwabo abahlanu (5) kwabayisishiyagalombili (8) ababesekhaya nonina, uMaZungu (1922-2001), ekufikeni kogandaganda - oBheni noBongani noMbuso noThoko kanye nosana uNomusa (*1962) - baviyoca bagibela elolini ngemuva nezimpahlana zasendlini ezimbalwa abakwazi ukuzikhweza bekhakhanyezwa bethethiswa; yahlehla, yajika, zaya iloli nabo.

Ingakasuki iloli, basondela osondonzima bogandaganda bakubhidliza bakugandaya kwacoleka okuyizindlwana abantu ababekade babezakhele ngezikhwepha zabo, kungamakhaya abantwababo abakhulela kuwo. Amathuna nezivande nezinkuku nenzinja nezihlahla zamampentshisi - konke kwasala lapho; lashabalala laphelela lapho ikhaya.

Amaloli afika abalahla ngasocingweni olubiyele amangcwaba emizi yabasebenzi ababenemvume yokukhosela emaqhugwaneni ayebizwa ngokuthi ngamalokishi, eLokshini ngaseVlayhede (okwahamba kwahamba labizwa ngokuthi kuseBhekuzulu). Kwadingeka ukuthi bakhokhe imali ehhovisi likaMaspala, baqashe okuyithenjana lokufihla ikhanda. Unina kaSizwe, uMaZungu, wakwazi ukuzilwela bagcina

bevumile ukumqashisela okubili kwala mathenjana ukuze akhoselise umuzi wakwakhe - ishumi nanye (11) labantu!

Lathi lishona ilanga base bezamile ukukuhlohla ethendeni okuyizimpahlana ababefiké nakho, bakubeka ngendlela yokuthi bakwazi nabo ukudedelana, bafake ikhanda, beme noma bathole indawana yokulala ezikhaleni. UMaZungu wagxumela okuyizikwana phakathi kwamathenjana omabili akwakhe, ezama ukududuza nokunakekela usapho lwakhe. Uthumbu, uNomusa, owayesancela, wayelokhu empongolozé njalo emhlane, aze abe nesilokozane. UKhumalo, uyise kaSizwe (1918-1990) - njengabobonke abesilisa ababesemsebenzini kude namakhaya ekufikeni kwalolu laka - wabathola lapha emathendeni ngasemangcwabeni aseLokshini lakwaBhekuzulu abantwabakhe nomkakhe ekudedelweni kwakhe ukuyophumula emva kwamaviki besebenza kude.

Umuzi wakwaBhanya wachithwa kanjalo-ke, umhlaba kwathiwa sekungowabelungu, badabulela ngawo bawenza amadlelo emfuyo yabo, banweba ngawo amaplazi abo azungeze uBhanya - amagama awo oSchaapkopje, oNooitgedacht noWelgeluk. Muva-nje sekunqamula phakathi naphakathi kwaBhanya ujantshi wesitimela esithuthezela amalahle siwasa esikhumulweni semikhumbi okuthiwa yiRichard's Bay lapho edluliselwa khona emazweni aphesheya kwezilwandle. Indawo yabantu ababezakhele besekhaya khona yacishwa kanjalo ebalazweni; umthetho wocindezelo wamaBantustan - `wezabelo´ - waphoqelelwa ngendluzula nobuqhwaga obaze bagcina bunqotshwé ngokukhululeka kwezwe okwalethwa ukungena *kombuso wentando yeningi* ngoMongameli uNelson Mandela ngo1994.

nguDennis Saathoff.